

“Wonke umuntu unelungelo lokuthola ukusizakala ngokwezenhlalo, okubalwe kukho nokusizwa okufanele kwezenhlalo, uma lowo muntu engeke akwazi ukuziphilisa yena nomndeni wakhe. Uhulumeni kumele athathe izinyathelo zomthetho ezifanele futhi enze nokunye, ngokwemikhawulo yezinsiza ezitholakalayo, ukuze kufezeke ilungelo ngalinye kulawa ngendlela eqhubekayo”

- **Isigaba 27**
soMthethosisekelo
WaseNingizimu Afrika

UKUHLANGULA KWEZOMTHETHO: Yize kwenziwe yonke imizamo yokuqinisekisa ukuthi ulwazi olushicilelwe lapha lungoluqonde ngqo, abe-Black Sash ngeke bathweswe cala ngenxa yokulahlekelwa noma ukonakalelwa okungadalwa ukwethembela noma ukusebenzisa lolu lwazi. Okuqokethwe lapha akusona iseluleko sezomthetho. Leli khasi lolwazi ligcine ukubuyekezwa **ngoMashi 2010.**

Uma unanoma yimiphi imibuzo maqondana nezibonelelo, shayela kule nombolo yosizo yakwa-SASSA:
0800 601 011

Uma uhlangabezana nobunzima maqondana nemali yesibonelelo, **thintana nabe-Black Sash kule NOMBOLO YOSIZO ukuze uthole usizo nezaluleko MAHHALA:**



072-66 33 739
help@blacksash.org.za

**YOU AND YOUR
RIGHTS**

**Usizo
Lwezenhlalo
Kwabasebunz
-imeni**



BLACKSASH
MAKING HUMAN RIGHTS REAL

YOU AND YOUR RIGHTS

Usizo Lwezenhlalo Kwabasebunzimeni

Ungasifaka isicelo sosizo lwezenhlalo esibizwa nge-Social Relief of Distress Award (SRD) **uma udinga usizo lwezimali olusheshayo lwesikhashana** lapho usuke ungenayo imali eyanele yokuzondla wena ngokwakho kanye/noma nalabo abondliwa nguwe.

Isibonelo:

- Ngesikhathi usalindele imali - efana nemali yesibonelelo okusuke sekuvunywe isicelo sayo noma imali yesondlo somntwana;
- Uma ungeke ukwazi ukusebenza ngokwesimo somzimba noma uma usesimweni sokuthi awukulungele ukusebenza ngokwemiyalelo kadokotela esikhathini esiyizinyanga eziyisithupha noma ngaphansi;
- Uma kunenhlekelele ekuvelele - njengokungena kwezikhukhula endlini yakho noma uma ishile.

- Uma iziphathimandla zakwa-SASSA zikholelwa ukuthi wena kanye/noma abomuzi wakho nizohlangabezana nobunzima obungadingekile uma ningalunikiwe usizo.

Usizo lwezenhlalo kuba **ngamavawusha, amaphasela okudla noma kube yimali.**

Imali enikezwa **umuntu omdala** ngeke ibe ngaphezu **Kwemali Yesibonelelo Etholwa Ngabantu Asebebadala**, futhi imali yokusiza **umntwana** ngeke ibe ngaphezu kwemali **Yesibonelelo Sokondla Umntwana.**

Usizo lwezenhlalo lutholakala **izinyanga ezintathu kuphela** kodwa-ke **kuyenzeka ngezinye izikhathi ukuthi luqhutshwe kuze kuhlangeane izinyanga eziyisithupha.**

Ungasifaka isicelo sosizo lwezenhlalo **ehhovisi le-SASSA** eliseduze nawe futhi **awukhokhiswa lutho** lapho ufaka lesi sicelo.

Izakhamuzi zaseNingizimu Afrika kanye **nabahlali bakanomphela** bavumelekile ukufaka izicelo zosizo lwezenhlalo.

Abantu abangababaleki abakhubazekile noma **abangabazali abakhulisa izingane okungezona ezabo nabo bavumelekile** futhi ukufaka izicelo zosizo lwezenhlalo. Kodwa-ke abanye abantu bakwamanye amazwe **ABAVUMELEKILE.**

Kufuneka ulethe **amadokhumente** - afana nomazisi wakho, ubufakazi besimo somshado kanye nobufakazi bemali oyitholayo eyingeniso. Kodwa-ke noma ungenawo lawa madokhumente, **USENOKUSIFAKA isicelo** sosizo lwesikhathi esiyizinyanga ezintathu **ube usebenzisa ezinye izindlela zokuzazisa.** Ukuze imali oyinikwayo iqhutshekiselwe ezinyangeni eziyisithupha, kufuneka ulethe amadokhumente angoqobo.

Isinqumo maqondana nesicelo sosizo lwezenhlalo kufanele sithathwe **ngalo lolo suku ofaka ngalo isicelo**, futhi-ke uma sivunyiwe, **kufuneka imali uyinikwe ngaso lesi sikhathi.**